basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

## ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (SAL)

## IPHEPHA LOKUQALA (P1)

## NOVEMBA 2012

## KWAZULU-NATAL

**AMAMAKI: 120**

**ISIKHATHI: amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi ayi-20.**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Pheqa ikhasi

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINE:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isifundo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (60) |
| ISIQEPHU D: | Imibhalo | (20) |

2. Phendula YONKE imibuzo esiqeshini A, B no-C bese ukhetha imibuzo EMIBILI esiqeshini D.

3. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.

4. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni ngamunye.

5. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

6. Hlela isikhathi kanje:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-45 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-30 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-45 |
| ISIQEPHU D: | Imizuzu engama-30 |

## ISIQEPHU A: ISIFUNDO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

1.1 Funda lesi siqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo.

**UTSHWALA BUYINGOZI**

Abantu abasha (youth) abaningi bathanda ukuphuza utshwala ngoba bethi bayazijabulisa. Abanye basuke bephuziswa ingcindezi (pressure) yabangani babo. Utshwala bungezinye yezidakamizwa (drugs) ezikhona emphakathini yethu.

Ucwaningo (research) luveza ukuthi abantu abasha abaphuzayo baqala ngezikhathi zenjabulo ezifana nosuku lukaKhisimusi kanye noNcibijane (new year). Baqala bethi bayazidlalela nje kanti abanye bagcine sebelingeka (tempted) ngempela. Isisho esithi: 'amantombazane abepheka njengomama babo manje asephuza njengobaba babo' siyiqiniso. Abantu abasha bayathanda ukuya emaphathini, lapho-ke utshwala busuke bubuningi futhi engekho okhuza omunye. Abanye sekubangene egazini ukuthi uma bezozijabulisa baphuze utshwala.

USandile oneminyaka eyi-16 uthi yena uphuza ngoba abazali bakhe bahlale (always) bephuzile futhi abanandaba uma ephuza. Lokhu kumenza ukuba angaliboni iphutha lokuthi iminyaka yakhe ayimvumeli (prevents) ukuba aphuze utshwala. UThabile yena oneminyaka eyi-19 uthi akasadingi imvume (permission) yokuphuza utshwala ngoba nomthetho usuyamvumela.

Inkinga enkulu ukuthi imithetho ebekiwe yokuvimba izingane ukuba zingaphuzi zisencane ayilandelwa. Ukubonakala kwezikhangisi eziningi zotshwala ezivela kumabonakude nasemabhukwini kungezinye zezinto ezenza abantu abasha ukuthi baphuze utshwala. Lezi zikhangisi ziveza abantu abasha abahle futhi behlezi nasezindaweni ezinhle bephuza utshwala. Okunye ukuthi izinhlobo zotshwala ziningi kakhulu futhi zinamabhodlela namakopi/amakani acishe afane nawejusi.

Ziningi izinto ezenzekayo uma abantu bephuzile. Kuba khona izingozi emgwaqweni, ukuhlukumezana emndenini, ukudlwengula kanye nokugcina usuyisigqila sotshwala (addicted).

Kuyinto enzima ukuvuma ukuthi umuntu unenkinga yophuzo (alcoholic). Kukhona izindawo ezisiza izingane ezinenkinga yophuzo ezifana no-'Alcohol Anonymous.' Lezi zindawo zinabantu abafundele ukwenza lo msebenzi ukusiza labo abangasakwazi ukuyeka ukuphuza. Abantu abasha kufanele bazi ukuthi injabulo ayilethwa ukuphuza utshwala kanti kufanele bafunde nokungenzi izinto ngoba bejabulisa abanye abantu.

**PHANSI NGOKUPHUZA UTSHWALA NISEBANCANE PHANSI!**

1.1.1 Yini ethandwa abantu abasha ngokwalesi siqephu? (1)

1.1.2 Bhala igama lendawo esiza abantu abanenkinga yokuphuza. (1)

1.1.3 Bhala OKUBILI okwenza abantu abasha baphuze utshwala. (2)

1.1.4 Luba nini usuku lukaKhisimusi? Bhala usuku nenyanga. (2)

1.1.5 Abantu abaneminyaka emingaki abanemvume yokuphuza utshwala? (1)

1.1.6 Bhala OKUTHATHU okungaletha izinkinga uma umuntu ephuzile. (3)

1.1.7 Kungabe IQINISO noma AKULONA IQINISO ukuthi abazali bakaSandile bayaphuza? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.8 Bhala ezinye izidakamizwa EZIMBILI ezisetshenziswa abantu abasha ngaphandle kotshwala. (2)

1.1.9 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe:

(a) Amantombazane abepheka njengomama babo manje asebephuza njengobaba babo kusho ukuthi:

(i) Baphuza nabazali babo
(ii) Baphuza kakhulu/Bathanda utshwala
(iii) Abaphuzi (1)

(b) Sekubangene egazini kusho ukuthi:


(i) Sebejwayele
(ii) Bayalimala
(iii) Kokubili okungenhla (1)

(c) Phansi ngokuphuza utshwala nisebancane phansi!

(i) Hlalani phansi
(ii) Qhubekani niphuze
(iii) Yekani utshwala (1)

1.1.10 Isiphi iseluleko ongasinika umngani wakho osephuza utshwala kakhulu? (2)

1.2 Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.




1.2.1 Bangaki abafundi abasesithombeni esingenhla? Bhala inombolo ngesiZulu (1)

1.2.2 Qedela lo musho ngokukhetha impendulo efanele kubakaki: Ikhulula Primary School, isikole samabanga (aphezulu/aphansi). (1)

1.2.3 Ubani lo ophambi kwabafundi futhi yini umsebenzi wakhe? (2)

1.2.4 Yimuphi umudlalo okhona kulesi sikole? Sekela impendulo yakho. (2)

1.2.5 Ngokucabanga kwakho yini esezikhwameni zesikole zalaba bafundi. Bhala OKUTHATHU. (3)

1.2.6 Kuhle noma kubi yini ukufunda ezikoleni ezinabafundi bobulili obehlukene ('co-education')? (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Funda le ndatshana emayelana **nezinkinga ongaba nazo uma uqala ibhizinisi**.

**IMIYALELO:**

1. Bhala amaphuzu ayisikhombisa ngemisho ephelele. Amagama akho abephakathi kwamagama angama-40 kuya kumagama angama-50.
2. Sebenzisa amagama akho emshweni.
3. Bhala izinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweyesi-7.
4. Bhala umusho emuqgeni omusha.
5. Bhala kubakaki inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kokufingqa.

**AKULULA UKUZIQALELA IBHIZINISI**

Esikhathini esiphila kusona abantu abaningi bakhuluma ngokuzimela nokuqala amabhizinisi abo. Lokhu kuyimiphumela yokungabi khona kwemisebenzi ikakhulukazi eNingizimu Afrika. Kukhona izinhlobo eziningi zamabhizinisi abantu abangaziqalela wona. Amanye amabhizinisi amayelana nokuthenga nokudayisa/thengisa, kanti amanye awokuhambisa usizo ezindaweni ezahlukene. Wonke umuntu angaziqalela ibhizinisi lakhe futhi aphumelele uma nje ezothola ulwazi olufanele.

Ukuqala ibhizinisi kufuna uzimisele futhi uhlakaniphe ngoba kunezinselelo (challenges) ezinkulu obhekana nazo. Kukhona izinkinga (problems) eziningi emabhizinisini. Umphakathi esihlala kuwo ungaba inkinga yokuqala ebhizinisini lakho. Umona, ubandlululo nokubukelana phansi kungokunye kwezinkinga ezinkulu ebhizinisini. Ukungenzi ucwaningo (research) uma uzoqala ibhizinisi kuletha izinkinga zokuthi lelo bhizinisi lingaphumeleli. Ucwaningo yilona olukusizayo ukubona ukuthi ibhizinisi ozama ukuliqala lizoba impumelelo noma cha.

Into ebulala ibhizinisi kakhulu ukuthi ungumnikazi (owner) webhizinisi ungazisebenzeli wena. Abantu abasebenza ngaphansi kwakho bagcina bentshontsha noma bengawenzi umsebenzi ngendlela efanele uma ungekho. Okufanele ukwenze ukukhuluma nabanye oSomabhizinisi abangakululeka (advise) ukuthi ungenzenjani ukuvimba/ukuvikela izinto ezifana nalezi.

Umndeni wakho kanye nezihlobo akufanele ubaqashe noma usebenze nabo ngoba isikhathi esiningi bangenza ibhizinisi lingaqhubekeli phambili. Bazolindela ukuba ubaphathe ngendlela ehlukile kunabanye abasebenzi. Enye inkinga kungaba uwena uqobo ngokuthi usebenzise imali yebhizinisi kanti kufanele nawe ube nomholo njengabanye abasebenzi.

Imali yokuqala ibhizinisi uma ingekho kuba inkinga enkulu. Zikhona izindawo ezisiza abantu abangenayo imali yokuqala amabhizinisi. Kumele uthintane (contact) namabhange kanye nezinhlangano ezisiza ngolwazi lokuthola usizo. Kunemibandela (terms and conditions) nakhona okufanele uyilandele ukuze uthole lolu sizo. Akusibona bonke abantu abanenhlanhla yokuthola lolu sizo ngenxa yezinto okufanele bazigcine noma babe nazo ngaphambi kokunikwa usizo lokuqala ibhizinisi.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

Lungisa amagama angabhalekanga kahle ngokufaka osonhlamvukazi ('capital letters') nezimpawu zokubhala (punctuation marks).

Unicol mkhize uphase ibanga leshumi kahle kakhulu umama wakhe uvele wamthengela ithikithi lebhanoyi eliya emelika ukuze avakashele umngane wakhe ababefunda naye ngonyaka wezi2009. Akazange akholwe ngenkathi umama wakhe emnika ithikithi emtshela nokuthi uzolandwa imoto i-toyota uma esehamba. **[7]**

### UMBUZO 4

Buka lesi sikhangisi esilandelayo bese uphendula imibuzo:




4.1 Yini ekhangiswayo lapha? (2)

4.2 Bhala le intengo (prize) R200 ngesizulu. (2)

4.3 Humusha (translate) la magama abhalwe ngesiNgisi abe isiZulu. (2)

4.4 Kuqonde ukuthini lokhu? 'izicathulo zicoshwa phansi' (2)

4.5 Sibhekiswe kubantu abanjani lesi sikhangisi? (2)

4.6 Bhala ibizo elibolekiwe (borrowed noun) elisesikhangisweni bese usho ukuthi libolekwe kuliphi ulimi. (2)

4.7 Bhala amagama akhombisa ukucwasa (discriminate) akulesi sikhangisi. (2)

4.8 Kusho ukuthini ukuthi: 'isaphulelo esithe xaxa'? (2)

4.9 Kungani amagama asekuqaleni kwesikhangisi ebhalwe ngefonti enkulu? (2)
**[18]**

**UMBUZO 5**

Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo:

Abantu abaningi bayathanda ukuvakashela indawo efana neKapa uma kungamaholidi kaDisemba. Ubaba uSibeko naye wayengomunye owayevakashele le ndawo. Wayehamba nonkosikazi, indodana kanye namadodakazi amathathu. Izingane zakhe zithanda ulwandle ngoba endaweni yakubo lukude kakhulu. Bathe bephuma ehhotela uSibeko washibilika waye wayothi bhalakaxa phansi. Wonke umuntu owayelapho wahleka. Lokhu kwawudina/casula umndeni kaSibeko. Izingane zakhe zabona ukuthi abantu bale ndawo abanalo uthando. Usuku lwalo mndeni lwaba lubi ngoba ubaba wabo walimala idolo. Ngakusasa baphindela ekhaya ukuze uSibeko aye esibhedlela.

5.1 Funda lo musho olandelayo bese ushintsha (change) kuphela amagama abhalwe ngokugqamile (bold) abe **sebunyeni** (singular).

I**zingane** zakhe zabona ukuthi **abantu** bakule ndawo abanalo **uthando.** (3)

5.2 Bhala amagama alandelayo abe **ondaweni** (locatives).

A ulwandle (1)
B iKapa (1)
C idolo (1)
D ikhaya (1)

5.3 Bhala lo musho ube **senkathini ezayo** (future tense)

USibeko uhamba nomndeni wakhe. (2)

5.4 Bhala **omqondophika** (opposites) bala magama alandelayo:

A -dina (1)
B -hleka (1)
C -thanda (1)
D -phuma (1)

5.5 Bhala igama elikhomba **isenzukuthi** (ideophone) elitholakala esiqeshini esingenhla bese uzakhela owakho umusho ngalo. (2)

5.6 Shintsha amabizo adwetshelwe abe **isabizwana soqobo** (absolute pronoun)

A Usuku lwalo mndeni lwaba lubi. (1)
B Izingane zithanda amaholidi kaDisemba. (1)

5.7 Gcwalisa izikhala **ngezivumelwano** ezifanele.

A Izingane ... Sibeko zintathu. (1)
B Usuku ... bi luqeda injabulo. (1)
C Endaweni ... kubo lukude kakhulu ulwandle. (1)
**[20]**

**UMBUZO 6**

Kulesi siqeshana esingezansi: Khulisa amagama abhalwe ngokugqamile (bold) ngesijobelelo esifanele bese unciphisa amagama adwetshwelwe (underlined) ngesijobelelo esifanele.

| |
|---|
| Indlu kaMnumzane Goba yayiyinhle inkulu, **inamakamelo** amane. <u>Inophahla</u> olungajwayelekile. Uma uya ngaphambili **kunegceke** elihlotshiswe ngezimbali ezinemibala egqamile. Izungezwe **uthango** olude olunameva <u>namasango</u> amabili. |

**[5]**

**UMBUZO 7**

Funda lesi siqeshana esilandelayo bese ubhala umusho owodwa ozakhele wona ngegama ngalinye kulawa adwetshelwe kuvele imiqondo eyehlukile (**umabizwafane)** (homonym) kunalo osesiqeshini.

| |
|---|
| Umama uMaMbatha wajikijela izinhlamvu (seeds) ze<u>thanga</u> enganakile. Emva kwamasonto amabili sabona <u>ibala</u> ligcwele imifino yezintanga. Sajabula kakhulu ngoba imnandi imifino yezintanga. Ngokulandelayo kuzofanele atshale <u>amazambane</u> ngoba unesandla esihle ezitshalweni. Kulo <u>muzi</u> kaMaMbatha amaveji amaningi awasathengwa ezitolo. |

**[4]**

**UMBUZO 8**

Funda lesi saziso esilandelayo bese ukhipha amagama ayisithupha ahambisana nesihloko

**UMNCINTISWANO WONOBUHLE**

Isiteshi somsakazo iMulo FM simema zonke izintokazi ezinhle eziphakathi kweminyaka eyi-18 kuya kwengama-23 ukuba zingenele umqhudelwano ka-'**MISS UNIVERSE 2012**'.

Usuku: 16 Disemba 2012
Indawo: ICC Port Elizabeth
Isikhathi: Ihora lesi-7 ebusuku

***Imiklomelo imi kanje:***
Ophume phambili: R5 000 nemoto i-BMW 130
Ophume isibili: R10 000
Ophume isithathu: R5 000

Ungaphuthelwa! Kuzobe kukhona o-DJ abadumile bezonandisa ngomculo.

***AMAJAJI KUPHELA AZOKHETHA ABAWINILE?*** **[6]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 60**

## ISIQEPHU D: IMIBHALO

- Kulesi siqephu umfundi uzophendula imibuzo EMIBILI kuphela.
- Amamaki alesi siqephu esewonke angama-20.

## UMBUZO 9

## INOVELI: *UMSHADO* – N Zulu

9.1 Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo:

> Kodwa ngizothatha bani manje? ULindiwe noma uTholi? Wayekhuluma yedwa ezibuza engenampendulo. UTholi wayemethusile ngalo mngani womLungu.
> Konje ngingamxosha kanjani lo mLungu? Yayingekho futhi impendulo yalo mbuzo ayezibuza wona uBhekani. Wazethuka esengaphakathi esikoleni. Wathi esahambe ibangana wahlangana noSfiso.
> 'Ubani lo ovakashele kini Bheki?'
> 'Umngani kamama nje loya.'
> 'Omncane kangakaya?'
> Akaphendulanga uBheki, wethuswa ukuzwa ukuthi kanti uSfiso useyazi ukuthi kukhona uLindiwe. Waxakeka ukuthi uyithole kanjani le ndaba.
> 'Sengathi ngiyayazi le ntombi engiyibone kini izolo Bheki.'
> 'Awuyazi eyakude kabi.'
> 'Akusiye uLindiwe?'
> Kwavele koma amathe kuBheki. Wagwajaza. Wezwa izithukuthuku zimfoma kancane ebusweni. Wabona ukuthi into engcono akamshiye uSfiso lo. Nempela wenza kanjalo. Wanyamalala emehlweni kaSfiso. Inkinga kwaba uSfiso qobo manje. Ulwazi lwezinto ayenalo lwalummangaza uBheki. Wakhumbula umuntu ambone ebusuku. Wasola ukuthi kokunye kwakunguye uSfiso lo. Abone ukuthi nakanjani indaba kaLindiwe izogcina isifikile kuThola'
> 'Icebo liyozakha kodwa engimthandayo nguTholakele.' Angizame ukuthi angayizwa le ndaba kaLindiwe. Ukhuluma yedwa njengohlanya uBhekani.

9.1.1 Wayenza msebenzi muni uBhekani? (1)

9.1.2 Buhlobo buni obokhona phakathi kukaTholi noBhekani? (1)

9.1.3 Ngubani uSfiso kule ndaba? (1)

9.1.4 Yiluphi lolu lwazi uSfiso analo olwenza uBhekani akhathazeke? (1)

9.1.5 Lolu lwazi uSfiso analo ngokwenzeka ekhaya likaBhekani (wayeluthole ngokuya kubokaBhekani alunguze efasiteleni, watshelwa nguye uBhekani, wambona uLindiwe efika). Khetha impendulo eyodwa. (1)

9.1.6 Ubani lo uBhekani ambiza ngomngani kamama wakhe? (1)

9.1.7 Yisiphi isizathu esenza uBhekani aqambe amanga kuSfiso (1)

9.1.8 Phakathi kukaLindiwe noTholakele ngubani owayethandwa kakhulu nguBhekani? (1)

9.1.9 Chaza lesi simo sokukhuluma njengoba sisetshenzisiwe kulesi siqeshana: 'ukuthatha.' (2)
**[10]**

**NOMA**

***KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu**

9.2 Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo:

| |
|---|
| UMfundisi wabonga kwadliwa kwasinwa kwakhona nabashaya ingoma nesicathamiya, kwaze kwafinyelelwa esiphethweni somcimbi. Abantu bahamba kwasala umndeni nezihlobo ezaziphuma kude naseduzane. Kuthe sekuhambe wonke umuntu, izingane zikaManyoba zazama ukuxolisa kuye, wazixolela kodwa kwaba ukuthi wayengasazimisele ukuthi abuye azibize ngezingane zakhe. Zabuye zacela uxolo kunina, naye washo okufanayo nokushiwo ngumyeni wakhe. Sebexolisile, uFanyana wacela ukuba ayichaze yonke indlela ekwenzeka ngayo ukuba kuhlukaniswe abazali babo.<br>Wala waphetha uyise ukuyilalela le ndaba. UMaNdlovu wamncenga ukuba alalele noma engezuphendula. Wavuma-ke. UFanyana wabachazela abazali bakhe ukuthi avumelane nabo ukuthi yena wehlulwa abafowabo, yena wayethi ubona kungcono balethelwe ukudla njalo ekupheleni kwenyanga, uMjwayeli noBheki baphoqa uMduduzi ukuthi avumelane nabo ukuthi behlukaniswe. Wachaza nokuthi kufanele ukuba babone ukuthi kwathatha eside kangakanani ukuphuma nempendulo.<br>'Nina nomkakho navumelana ngokuhlupha unyoko nawe ufana nabafowenu.'<br>'Baba! UMduduzi akanacala.'<br>'Baba! Yimi noBheki abavusi benyamazane beka thina icala lonke.' Kuchaza uMjwayeli evunyelwa uBheki ngekhanda. |

9.2.1 Kwakungubani unkosikazi kaManyoba? (1)

9.2.2 Bhala amagama ezingane zika Manyoba. (2)

9.2.3 UManyoba wazixolela izingane zakhe kodwa kwaba nombandela (condition) othi (wayengasazimisele ukuzibiza ngezingane zakhe, wayengeke avakashele emizini yazo, zingezi emngcwabeni wakhe). Khetha impendulo efanele. (3)

9.2.4 Yimuphi kumadodana kaManyoba owathatha umama wabo wayohlala naye emzini wakhe? (1)

9.2.5 Ngubani ezinganeni zikaManyoba owayekhombisa ukuzisola kakhulu? (1)

9.2.6 Chaza lesi simo sokukhuluma njengoba sisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla: 'ukwala uphethe. (2)
**[10]**

**NOMA**

## UMBUZO 10

**UMDLALO: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

10.1 Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo:

(UThenjiwe noNondumiso bafika kwaManzini, ntambama)

| | |
|---|---|
| Zungu: | Hawu! Ngibonani ngamehlo ami! Makoti uqhamukaphi sengikhathazeke kangaka?<br>Sanibona |
| Bobabili: | Yebo Baba! |
| Zungu: | Bengithi ngizovuka ekuseni ngizokufuna. Kodwa soneni usuhamba kabi kangaka? |
| Thenjiwe: | Cha baba inkinga yami yileli siko engingenzwani nalo. Angizimisele mina ukubuye ngigane uDumisani. Uyedwa umuntu engangimthanda emhlabeni uSkhumbuzo. |
| Zungu: | Kuyezwakala ndodakazi. Inkinga ukuthi sengathi umama wakho akakuchazelanga kahle ngomendo. |
| Nondumiso: | Nami baba ngikhala ngalokho. Ngicela ukuba nimchazele kahle umakoti wenu ngaleli siko. Okubi-ke ukuthi nalo muntu enithi akangene le ngane usemncane. |
| Thenjiwe: | Abusho lutho ubuncane bukaDumisani. Into enkulu ukuthi angimfuni. Ngicabanga ukuthi nalelo siko ngeke lisebenze uthando lungekho. |
| Zungu: | Sengathi ijulile inkulumo yakho makoti. Kokunye nathi besinake isiko nje kanti kukhona lapho siphaphalaza khona. |
| Nondumiso: | Ngisuswe yilokho phansi mina Manzini. Ngicabanga ukuthi isiko lisebenza kahle uma kukhona ukuzwana. Angiboni ukuthi lingaphoqelelwa ngenkani. |

10.1.1 Ushadele kwabani isibongo uThenjiwe? (1)

10.1.2 Sithini isithakazelo sakwaZungu? (1)

10.1.3 Yini ebikhathaza uMnumzane Zungu ngokuhamba kukaThenjiwe (1)

10.1.4 Kwakungubani igama likamkhwenyana kaThenjiwe osewashona (1)

10.1.5 Ngubani lo uThenjiwe aphoqelelwa ukuthi amgane? (1)

10.1.6 Okuyisona sizathu esibekwa nguThenjiwe sokungafuni ukugana lo okuthiwa akamgane ngukuthi (usemncane, akanalo uthando lwakhe, usafuna ukukhumula inzilo yomyeni wakhe). Khetha impendulo efanele. (1)

10.1.7 Yiliphi iphutha aselibona uMnumzane Zungu abalenzile njengomndeni? (1)

10.1.8 Uthini umbono kaNondumiso ngale nkinga ebhekene noThenjiwe? (1)

10.1.9 Chaza lesi simo sokukhuluma njengoba sisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla: Ukungena. (2)
**[10]**

**NOMA**

**UMDLALO: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi**

10.2 Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo:

(Phandle kuzwakale amazwi amadoda ahlabelelayo. Abuye asho nesiqubulo)

Duma: Duma: Nampa abanye abeze ngezinkani emhlanganweni wentuthuko. (Aqondise kuMbandlwa). Mfowethu batshele bangene kuleli kilasi. (Asukume aphume uMbandlwa) (Ngokushesha okukhulu uMbandlwa angene ehlehla esenegazi eliphophoza ekhanda. Ulandelwa yinduna uDlamini ophethe induku. Ulokhu emsikaza efuna indawo angashaya kuyo).

Dlamini: (uthukuthele) Ngathini? Ngathini ngemihlangano engagunyaziwe? Ninenkani nina! Uyabona-ke manje ukuthi linjani iholo lalokho? (Basukume bame ngezinyawo abantu abasemhlanganweni. Khona manjalo induna ikhombe uDuma ngenduku phakathi kwamehlo. Ibuye imhlohloloze esifubeni.)

Dlamini: Ngathini kuwe wena siyazi? (amshaye ngenduku emlenzeni. Agxume agelekeqeke angene esixukwini somhlangano uDuma.) Hheyi we maxoki ndini! (eqondise ebantwini bomhlangano ebakhomba ngenduku). Phumani lapha! Anizwa yini? (Babhuduzele kuhle kwezimbuzi zixakwe ofuna ukubamba eyodwa. Kungene amadoda amabili ehlome ephelele.)

| | |
|---|---|
| Indoda yokuqala: | Hheyi anizwa yini nina? Akuyona induna le ekhulumayo? |
| Indoda yesibili: | (nayo ngolaka. Isikaze abaseduze kwayo). Yimfene le ekhulumayo? Phumani bo! (Baphume bephangelana abantu. Nabo oDuma noMbandlwa balandele lapho.) |

10.2.1 Ngubani obize lo mhlangano? (1)

10.2.2 Ngowani lo mhlangano? (1)

10.2.3 Wawubanjelwe kuphi lo mhlangano? (1)

10.2.4 Ngubani owalimaza uMbandlwa njengoba ayesopha nje? (1)

10.2.5 Yisiphi isizathu esenza ukuthi uMbandlwa ashaywe? (1)

10.2.6 Iziqubulo ezazishiwo ngamadoda ayefika zazikhomba (injabulo, intukuthelo, inhlonipho). Khetha impendulo efanele. (1)

10.2.7 Unasikhundla sini uDlamini? (1)

10.2.8 Ngonjani umhlangano ongagunyaziwe? (1)

10.2.9 Chaza lesi simo sokukhuluma njengoba sisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla: 'Ukubhuduzela.' (2)
**[10]**

**NOMA**

## UMBUZO 11

## IZINDABA EZIMFISHANE: *IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli

11.1 Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo:

**Mhla Liduma Laduma: MJ Mngadi**

'Impela baqinisile abathi usizi lwalapha emhlabeni luyezwana,' kusho insizwa yesigingci qede izethule ngokuthi yayinguLaduma Mafu. Yathatha ingane yayigona. 'Ningibona nje ngibabele kunina wale ngane eThekwini. Ungalile uNoziphepho. Ngikhuluma nje kuthiwa ngoMgqibelo uyashada, khona eThekwini. Ngifuna ukumbuza ngiyigonile ukuthi ngabe usekucabangisise kahle, wakwemukela yini ukuthi sobabili usesitshingisa okwenyongo yenyathi. Nakho-ke ngesichitho enginaso, engikholwa ngukuthi yisona nesingenze ngaba nesisila kuNoziphepho, sengisukelwa ngamaphoyisa engisolela ekwebeni. Njengoba niwabona nje epetulula izimpahla zami asebuya impinda. Pho-ke singathini? Yizinsizi zasemhlabeni.'
'Kwakubi-ke lokho mntanami. Ngiyakuzwa ukucula kwakho ukuthi kusho ukukhathazeka okunzulu komphefumulo,' kusho uMaNyambose ngozwelo.
Imvula. Lakhala izinyembezi.
Izinsimbi ezazibikezela ukusuka kwesitimela zanqenqetha. Kwachazwa ngemibhobho ukuthi iMeyili eyayilibangise eMdubane yayisigcwala indlela. Dukuduku yanyakaza kancane imakwabo, sekuhlwile impela. Zasala kancane izibani zasePaki lapho ingqengqa, isondo phansi liqala ukushaya lowo mculo walo omnandi libala amajoyinti ayezokuba yindathane anduba igaleleke kwelidumayo.

11.1.1 Bakuphi laba abakhulumayo? (1)

11.1.2 Bayaphi laba bantu? (1)

11.1.3 Ngubani igama lensizwa eyaliwe? (1)

11.1.4 Ngubani igama lentombi eshiye le nsizwa yaya kogana/koshada kwenye indawo? (1)

11.1.5 Ngubani lo mama ozwelana nale nsizwa? (1)

11.1.6 Bhala amaphuzu amabili ashiwo yile nsizwa afakazela ukuthi ngempela inesichitho. (2)

11.1.7 Elinye igama elisho iTheku (iJozi, uMdubane, iPaki). Khetha impendulo efanele. (1)

11.1.8 Chaza lesi simo sokukhuluma njengoba sisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla: Ukupetulula. (2)
**[10]**

**NOMA**

11.2 Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo:

**Lapho Kukhona Uthando: NE Mbesa**

Hawu, usisi yena uyaphi? Kubuza lolu ngqazu lwensizwa.
Iluhlaza ngebala. Inentshebe nehwanqa nje. Isho ngamazinyo amhlophe qwa. Iyabukeka. Imfanela nomuntu ake wambona. Konje uzothi wayeyibonaphi? USebenzile ajatshuliswe ukuthi kanti kukhona owazi isiZulu.
'Uyavakasha noma mhlawumbe?'
Ahleke kuze kuvuthwe izihlathi uSebenzile.
'Ngiya kobona emzini engizoshadela kuwona.'
'Shono bo! Yaze yaba nenhlanhla le nsizwa bo! Kodwa mina bengizozilandela mathupha.' Ibisikwitiza idlulisela inkulumo kubahlobo bayo. Kuhlekwe kuthi woklo! Bathi ukuxoxaxoxa okungasho lutho. Cha-ke kuqhutshekwe nohambo, insizwa lena ibe ningi lapha eduze kwakhe ibuye iyoxoxa nabakubo.
Lathi liyoshona ilanga, sasishosholoza kwezikude izinkalo lezi. Usuzwa nangomoya ukuthi amanye amazwe esesiguduza kuwo manje. Sekulalwa, behlukaniswa. Abesilisa bakhishelwa kwenye indlu, kodwa bethenjiswa ukuthi kuzothi kungasa babuye baqhubeke nokuhlalisana ndawonye. Noma sekulalwa ubukwitikwiti.
USebenzile yena akalalanga wuthando lwesoka lakhe abazobe bebonana okokuqala ngqa nalo. Pho ezithombeni akunsizwa yinyakanyaka! Nalelo lizwi layo mhla elizwa ocingweni okokuqala ungafunga uthi uyalizwa namanje. Sengathi uyayizwa mhla bexoxa okokugcina isithi, 'Sesiyobonana khona-ke ehhotela sthandwa sami.' Sengilungise yonke into. Angisakwazi ukulinda.

11.2.1 Ngubani igama lentombazane ethatha uhambo? (1)

11.2.2 Yini inhloso yalolu hambo? (1)

11.2.3 Yini eyajabulisa kakhulu lo sisi ngabantu ayegibele nabo? (1)

11.2.4 Ngokwale ndaba kukhona nomuntu azombona lo sisi, bayobonana okwesingaki nalo muntu ayombona lo sisi? (1)

11.2.5 Ngokohlelo lwalaba abazobonana bazohlangana kuphi? (1)

11.2.6 Enjani insizwa ewungqazu? (1)

11.2.7 Le nsizwa eyayingomunye wabagibeli yazi izilimi eziningi. Caphuna umusho ofakazela lokhu endabeni. (1)

11.2.8 Lesi siqeshana sisitshela ukuthi uhambo luka sisi ongenhla (lwalulude, lwalulufishane, lwalungamjabulisi). Khetha impendulo efanele. (1)

11.2.9 Chaza lesi simo sokukhuluma njengoba sisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla: Ukuzilandela mathupha. (2)
**[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 12**

**IZINKONDLO: *AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

12.1 Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo:

**KWAMFAZ' ONGEMAMA – FF Mbatha**

Awuthunyelwa gundane
Ngidele konke ngayokwenda,
Ngidel' ikhaya liikababa,
Ngadel' izihlobo nabangani,
Ngadela' nezinkalo zakithi,
Uze ungilonde Mveli
Kwamfaz' ongemama.

Namuhla ngiqombol' izintaba,
Ngilibangise kwamfaz' ongemama.
Noma ngibangwa nezibi,
Liyophuma lithi

Ngiyatefa ngiyazenzisa,
Uze ungigcine Menzi
Lapho kwaNhliziyo ngise.

Noma ngingayisisulu sikamamezala,
Noma angangicakafula angichaphe
Ngelumelayo yodwa,
Ngiyobekezela ngizithobe.
Mntanomuntu ngibekezele,
Ngigcine yonk'eyasemendweni.
Uz' ube yisihlangu sami Baba,
Lapho kwamfaz' ongemama.

Konke kwenzeka samlingo,
Nokho lolu thando luyithumbil' eyami,
Lolu thando lungishay' indali emajukujukwini,
Ngiyazesaba ezakhona izehlo.
Nokho akusenani
Sengobekezela ngizithobe,
Kwamfaz' ongemama

12.1.1 Kukuphi kwamfaz' ongemama? (1)

12.1.2 Kungani kuthiwa kukwamfaz' ongemama? (1)

12.1.3 Yini eyenza imbongi ithi lolu thando luyishaya indali? (1)

12.1.4 Bhala igama elisho ukuthi imbongi ishiye isemnandi impilo yayo endala. (1)

12.1.5 Bhala ukuxhumana okumaphakathi okutholakala esitanzeni sokugcina. (1)

12.1.6 Hlobo luni lwesifenqo olutholakala kulo musho olandelayo:

'Konke kwenzeka samlingo (1)

12.1.7 Kule nkondlo imbongi izwakala inesiqiniseko sokuthi (iyohlupheka, iyophathwa kahle, iyothandwa kakhulu) lapho iya khona. Khetha impendulo efanele. (1)

12.1.8 Enkondlweni engenhla khipha isaga esisho ukuthi ayikho indlela intombazane engathola ngayo ukuthi iyophatheka kanjani emendweni ngaphandle kokuthi ishade izizwele isingaphakathi. (1)

12.1.9 Chaza lesimo sokukhuluma njengoba sisebenzile enkondlweni: Ukubangwa nezibi. (2)
**[10]**

**NOMA**

12.2 Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo:

**NGIYOGIYA NGIQEPHUZE – NL Luthuli**

Ngiyogiya ngiqephuze,
Ngihay' izibongo,
Ngingqabashiye ngihalalise ngokuqhashambula
Sengiphumelele ngokufeza ezeminyaka izifiso
Nezinhloso zami ngelokujaja ilanga.
Senginqwanjiswe umnqwambo oqavile.
Sengiyikazela iminyezane yakomfundo.
Ngiyogiya ngiqephuze.

Ngigiye ngiqephuze ngiqeketh' izindaba
Ngiye ngilokoth' amagama angalokothwayo
Alab' abayibekile induku ebandla.
Abachathazile emaguleni abo ezangqondo
Ze ngiqwale eqonsayo imimango.

Ngiyogiya ngiqephuze.
Ngigiye kuyiyize omame nezalukazi.
Besho bempongoloza ngamaphimbo emizwilili.
Usho umfo kaShandu ukuth' uyalazi leli
Bhobhodleyana lakoMshibe.
Usho liphekwe kweyakh' imbiza
Ugiye kanye nalo ngaphimbo linye
Ningqabashiye ze nakwabezay' ixoxw' indaba.

12.2.1 Yini eyobe ijabulisa imbongi kangaka ize igiye iqephuze? (1)

12.2.2 Ngubani obeqeqesha imbongi? (1)

12.2.3 Ibhobhodleyana lisho (umfana osemncane, insizwa esiganiwe, isifundiswa). Khetha impendulo efanele. (1)

12.2.4 Enkondlweni oyifunde ngenhla khipha igama elisho okufanayo nesikhungo semfundo. (1)

12.2.5 Ngokwale nkondlo ngobani abayobe bememeza kakhulu ngenxa yenjabulo? (2)

12.2.6 Phawula ngesigqi sale nkondlo. (2)

12.2.7 Chaza lesi simo sokukhuluma njengoba sisebenzile enkondlweni: Senginqwanjiswe umnqwambo oqavile. (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 20**
**AMAMAKI ESEWONKE: 120**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha